KZN Progressive Primary Health Care

Umbiko Wonyaka 2007



UMBONO

Sizibona siba ngabakhuthazi abahamba phambili ekuthulweni kwezinhlelo

zoqeqesho nasekunakekelweni kwezempilo ezwenikazi lase -Afrika

UMSEBENZI WETHU

Ukunikezela unakekelo lwezempilo oluphelelisiwe nolusezingeni eliqinikesisiwe ngokumela

nokuthuthukisa imiphakathi ngendlela eyenza imiphakathi izinikele ekwenzeni izinto

eziyigcina iphilile.

IZIMISO ZENHLANGANO

Ukuthembeka
Ukubonisa ukuqeqesheka
Ukuzithoba
Ukuhlonipha
Ukuzwelana

Okuqukethwe

Item	Page No.
Okungaphakathi	3-4
Umbiko kasihlalo	5
Ukwenganyelwa kwenhlangano	6
Ukubuyekezwa kwemisebenzi	7-10
Amaproject abhekelela isandulela ngculaza kanye nengculaza uqobo	11-12
Izinhlelo zokweseka ukuthuthukiswa kokufunda	13
Undabazabantu	14
Uhlaka lwesakhiwo senhlangano	15
Abaseki ngokwezimali	16
Umbiko wezezimali	17 - 18

Imininingwane yokuxhumana
Sivakashele kulendawo:
KwaZulu Natal Progressive Primary Health Care
303 Avondale Road
Morningside
Durban
4001

Noma

Sibhalele kulelikheli:
P.O Box 3840
Durban
4000

Ucingo: 031-303 1014 / 1029
Isikhahlamezi: 031-312 4115
E-mail: kznpphc@kznpphc.org.za

Graphical Layout & Printing by iZibuko Multi-Media 082 676 8349

Umbiko Kasihlalo

CHAIRPERSON'S REPORT
Mrs Ntsiki Magwaza

Kuyintokozo enkulu kimi ukuthi ngiphinde ngikhulumisane nani njengosihlalo webhodi labaqondisi enhlanganweni yakwa KZNPPHC. Sihlangene namuhla kungusuku lokugcina lokugubha inyanga yabesifazane. Miningi imibungazo nemicimbi ebiyenzeka ngalengqayizivele yenyanga kwikhalenda lethu lesizwe. Ngivumeleni ngisebenzise lelithuba ukuhlonipha imbokodo esebenza ngokuzikhandla ezimweni ezingezinhle, bephuma bengena indlu nendlu bekhuthaza futhi beqwashisa ngokunakekelwa kwempilo nokuvikela izifo. Sinolwazi oluphelele lokuthi kusekuningi okusadinga ukwenziwa ukwenza ngcono izimpilo zabesifazane, kodwa asikubonge esesikwenzelwe nguhulumeni wethu kuze kube manje, ikakhulukazi uma sibheka kwisifundazwe sethu lapho sibona iningi labesifazane lithatha izindawo ezibalulekile ebuholini obuphezulu (MEC) esibala kubo Ungqongqoshe wethu wezempilo unkosikazi Peggy Neliswa Nkonyeni. Sibathulela isigqoko sithi *Phambili nembokodo Phambili.!*

Njalo ngalesikhathi sonyaka siyahlangana ukuze sixoxisane namalungu ethu, abalingani, abahlomulayo ezinhlelweni zethu, kanye nomphakathi wonkana ngemisebenzi thina njengenhlangano esiyenzela lesifundazwe sethu esihle saKwaZulu Natali. Namuhla kungokokuqala sibuthana kulomkhandlu waseMsunduzi endaweni yase Mgungundlovu ondonga zibomvu. Ibhodi lithathe lesi sinqumo ngenhloso yokujikelezisa imihlangano yaminyaka yonke kuwo wonke amaqoqo ahlukahlukene omnyango wezempilo ukuze sikwazi ukuhlangana nabalingani kanye namalungu omphakathi angakwazi ukuba nathi Ethekwini uma sinemicimbi yaloluhlobo. Ngonyaka ozayo sizobe sibuthene kwelinye iqoqo emizamweni yethu yokuqinisa ubambiswano nobulingani. Kulonyaka esiwubuyekezayo kubekhona ukunyuka ngesivinin Uhlelo loNompilo(HCBC) . Kube nokwengezwa koi ekwethulweni kohlelo lwethu olubalulekile lobambiswano nomnyango weZempilo kwisifundazwe (KZNDOH).

Kulonyaka esiwubuyekezayo kubekhona ukunyuka ngesivinin Uhlelo loNompilo(HCBC) . Kube nokwengezwa koi ekwethulweni kohlelo lwethu olubalulekile lobambiswano nomnyango weZempilo kwisifundazwe (KZNDOH). Nompilo, noqeqesho olunzulu ukubalungiselela umsebenzi wabo wokuqwashisa abantu ngezempilo.Lomsebenzi ubuye wakhuthazwa nawuxhaso oluvele kwinhlangano eyaziwa nge Raith Foundation, esiphakamisa okukhulu ukubonga kuyona.

Iminikelo yethu ekulwisaneni nobhubhane lukamashayabhuqe wesandulela ngculaza nengculaza uqobo iyaqhubeka nokubhekelela intsha yasesigodini saseStepmore kwisifunda sesiSisonke.Lokhu sekuholele ekutheni ibhodi lizibophezele ekuqhubekeni nokweseka lomphakathi ngokujuba ucwaningo oluzobhekisisa amathuba okuvula isikhungo somphakathi esingasetshenziswa iminyango eyahlukene kahulumeni kanye nabanye abasebenza emphakathini ukusondeza imisebenzi kubantu.
Olunye ucwaningo lwenziwa ukubona imiphumela yemisebenzi esesiyenzele imiphakathi yasemaHostela (CRU) eseyethiwe kabusha igama elithi izindawo zokuhlala umphakathi. Imiphumela yocwaningo yiyo ezohlahla indlela ekutheni lungaqhutshezelwa kanjani loluhlelo kwezinye izakhiwo zokuhlalisa umphakathi(CRU)'s.

Umbiko Kasihlalo

Ibhodi kanye nezigatshana zamakomidi alo bayaqhubeka nokuhlangana njengokwezinhlelo.Izigatshana zamakomidi zithole ukuqiniswa ngokwengezwa kwalamalungu alandelayo:

- Ms R Gcaba
- Ms J N Makhanya
- Mr. S Govender

Kube sekufika uNkosikazi T Mhlambo ongumqondisi ophethe, esibeke ithemba kuye ngolwazi analo ukuthi alunikele ekukhuliseni inhlangano.

Ngifisa ukusebenzisa lelithuba ekuphakamiseni ukubonga kumnyango wezempilo (KZNDOH) ngokweseka kwawo uhlelo loNompilo (HCBCP), u Raith Foundation ngokweseka uhlelo loNompilo Ethekwini kanye no JOHAP ngokweseka iprojethi eyenzeka eSisonke District. Ngingekhohlwe ukubalula umnikelo owenziwe ngozakwethu abalandelayo : Mpilonhle, MGM Labour, Isihawu, Lima kanye ne Targeted Aids Interventions (TAI)).

KoNompilo,emakomitini ezempilo ngiphakamisa okukhulu ukubonga. Niyizinsika ezimise uhlelo qhubekani neminikelo yenu ekwenzeni ngcono izimpilo zemiphakathi yethu. Kumalungu ebhodi ngibonga angiqedi ngokuqhubeka kwenu ngokusiseka.Kubasebenzi, ukuzinikela kwenu kuyancomeka kakhulu.

Masizibophezele sonke ngokungenamkhawulo ekwenzeni lokho okungaba umnikelo ekwenzeni ngcono izimpilo zabantu bethu.

Ngiyabonga!